

1464347520

UPrime Minister (PM) ethula inkulumo Embuthanweni i-*India Ideas Summit*

NgoJulayi 22, 2020

Ukumelana nesimo sezomnotho emhlabeni kungazuzwa ngeminotho enamandla yasemakhaya: PM

I-India ibamba iqhaza emhlabeni othuthukayo nomelana nesimo ngenhlabamkhosi ye 'Aatmanirbhar Bharat': PM

Besingakaze sibe khona isikhathi esingcono sokutshala imali e-India: PM

I-India igqama njengomhlaba wamathuba: PM

Ukubambisana kwe-India-ne-US Kungabamba iqhaza ekulekeleleni umhlaba ubuyele esimweni emva kobhubhane: PM

UPrime Minister uShri Narendra Modi namuhla wethule inkulumo enohlonze eMbuthanweni i-*India Ideas Summit*. Umbuthano usingathwe yi-US-India Business Council (USIBC). Indikimba yombuthano walo nyaka ithi 'Ukwakha Ikusasa Elingcono'.

UPrime Minister uhalalisele i-USIBC ekuqedeni iminyaka engama-45 ngalo nyaka. Ubonge ubuholi be-USIBC ngokuzibophezela ekuphuculeni ukusebenzisana kwezomnotho kwe-India-ne-US.

Ukumelana nesimo somnotho womhlaba ngokuqinisa iminotho yasemakhaya

UPrime Minister ukhulume ngesidingo sokubeka phambili abampofu nabayizisulu ku-ajenda yentuthuko. Ugcizelele ukuthi 'Indlelakuphila Engcono' ibaluleke njenga 'Ezamabhezisani Anempumelelo.' Uthe ubhubhane lusikhumbuze ukubaluleka kokumelana nesimo komnotho womhlaba ezimweni zangaphandle ezithusayo okungazuzwa ngokuqinisa iminotho yasemakhaya. Ugcizelele ukuthi i-India ifaka isandla empumelelweni nasekumelaneni nesimo ngenhlabamkhosi ye-'Aatmanirbhar Bharat'.

I-India ihlinzeka ngengxube yokuvuleleka, amathuba kanye nongakhetha kukho

UPrime Minister uthe kunokwethenjwa kwe-India okuvela emhlabeni wonke ngoba ihlinzeka ngengxube yokuvuleleka, amathuba kanye nokungakhethwa kukho. Uphawule wathi eminyakeni eyisithupha eyedlule, kwenziwe imizamo ukwenza umnotho wethu uvuleleke futhi uphokophelele ekuguqulweni, engeza ngokuthi izinguquko ziqinisekise ukuqhathaniseka, ukuba sobala okwandisiwe, ukuguqulelwa kumakhompyutha okwandisiwe kanye nophuculo olukhulu kanye nozinzo lwezinqubomgomo olukhulu.

Ecaphuna umbiko wakamuva, uPrime Minister uthe baningi abasebenzisi be-inthanethi ezindaweni ezisemakhaya kunabasezindaweni ezisemadolobheni. Etusa i-India njengomhlaba wamathuba, uthe njengamanje sekunabantu abanguhhafu webhiliyoni base-India abasebenzisa i-inthanethi bebe bengaphezu kukahhafu webhiliyoni abaxhumeka ngezobuchwepheshe. Ubuye wabalula amathuba kwezobuchwepheshe abandakanya ezobuchwepheshe be-5G, *i-Big data analytics*, *i-Quantum computing*, *i-Block-chain* kanye ne-*Internet of Things*.

Amathuba abanzi okutshala izimali kuyo yonke imikhakha

UPrime Minister ugcizelele ukuthi kunamathuba amaningi okutshala izimali emikhakheni eyehlukene e-India. Ukhulume ngezinguquko eziyingqophamlendo ezisandukwenzeka emkhakheni wezolimo wathi kunamathuba okutshala izimali ezindaweni ezibandakanya ukufakwa kwezolimo nemishini, ukuphathwa kwezokuthengwa nokukhokhelwa kwempahla kwezolimo, okulungele ukudliwa, ezezinhlanzi nemikhiqizo engenazikhuthazi. Kuqashelwa ukuthi umkhakha wezempilo e-India ukhula ngesivinini esingaphezu ngamaphesenti angama-22 unyaka nonyaka kanye nentuthuko ezinkampanini zase-India ekukhiqizeni ubuchwepheshe kwezokwelapha, ezokwelapha ngezokuxhumana kanye nezokuhlonzwa kwezifo, uthe yisona sikhathi esihle sokwandisa utshalomali emkhakheni wezempilo wase-India!

UPrime Minister untele eminye imikhakha enamathuba amaningi otshalozimali enjengomkhakha wezemandla, ukwakha ingqalasizinda kubandakanya ukwakha izindlu, imigwaqo, imigwaqo engothelawayeka kanye nezikhumulo zemikhumbi; ezezindiza lapho izinkampani zamabhanoyi ezizimele ezisezingeni eliphezulu zase-India zihlela ukubandakanya ezinye izindiza ezingaphezu kwenkulungwane eminyakeni eyishumi ezayo. Leli yithuba elikhulu lanoma yimuphi umtshalimali oqoka ukwenza isikhungo somkhiqizo e-India, esingaba yisizinda sokuhlinzeka izimakethe zezifunda bese kwenzeka izikhungo zokukhanda nokucina esimweni kanye nokokusebenza. Ubalule ukuthi i-India yenyuse i-FDI cap yotshalomali emkhakheni wezokuvikela yaba semaphesentini angama-74, sekwenziwe amakhorido amabili ezokuvikela ukukhuthaza ukukhiqizwa kwempahla nezinkundla zezokuvikela, ubuye wengeza ngokuthi kunikezwa imihlomulo ekhethekile kubatshalizimali abazimele kanye nabangaphandle. Ubuye wabalula ukuthi sekwenziwe izinguquko emkhakheni wezasemkhathini.

Emema utshalomali kwezezimali kanye nomshuwalense, uPrime Minister uthe i-India isiyenyuse i-FDI cap yotshalomali emshuwalenseni ngamaphesenti angama-49 kanye nayi-100, i-FDI ivumelele kutshalomali lwabaxhumanisi nezemishuwalense. Ubalule ukuthi maningi amathuba angakasetshenziswa okwandisa ikhava yomshuwalense wezempilo, ezolimo, ezamabhezini kanye nomshuwalense wempilo.

Ukwenyuka kotshalomali e-India

UPrime Minister ukhulume ngokwenyuka kwe-India ku-*Ease of Doing Business ratings* eBhange Lomhlaba. Ugcizelele ukuthi minyaka yonke, i-India inyukela phezulu ku-FDI. Unyaka nonyaka kuba ngaphezulu kunonyaka owedlule, wengeza ngokuthi okungena ku-FDI e-India ngeyezi-2019-20 kwakungamabhilyoni angamadola angama-74. Lokhu ukwenyuka ngamaphesenti angama-20 kusuka ngonyaka owedlule. Uqhakambise ukuthi ngisho nangesikhathi sobhubhane i-India isihehe

utshalomali lwangaphandle olungaphezu kwamadola amabhiliyoni angama-20 phakathi kukaMbasanoNtulikazi kulo nyaka.

Isikhathi esihle sokutshala izimali e-India

UPrime Minister uthethe i-India inakho okudingekayo ukunikeza amandla ukuvusa umnotho womhlaba. Ubalule ukuthi ukuphakama kwe-India kuchaza ukwenyuka kwamathuba okuhwebelana nezwe ongaletumba, ukwenyuka kokuxhumana komhlaba ngokukhula kokuvuleleka, ukwenyuka ekuziqhathaniseni ngokufinyelela emakethe ehlinzeka ngesikali kanye nokunyuka kwenzalo yotshalomali ngobukhona kwabasebenzi abanamakhono. Ebiza i-USA kanye ne-India njengababambisana ngokwemvelo uthethe lokhu kubambisana kungabamba iqhaza ekusizeni umhlaba ukuba ubuyele esimweni ngokushesha emva kobhubhane. Ekhuluma nabatshalizimali base-America uthethe asikho isikhathi esedlula lesi sokutshala imali e-India!

eNew Delhi

NgoJulayi 22, 2020